
**NguMongameli**
**uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



# Obizwe ngu Nkulunkulu futhi Wasekelwa ngaBantu

Njengamalungu weBandla, siyamenywa ukuba sisekela njalo abantu kubizo ukuba basebenzele abanye. Eminyakeni eminingi eyadlulayo umfundi oneminyaka engu18 wangitshengisa ukuthi kusho ukuthini ukusekela izinceku zeNkosi. Ngisabusisekile ngesibonelo sakhe esithobekile.

Wayeqala unyaka wakhe ekholeji. Wayengaphansi konyaka eqede ukubhabhadiswa ngaphambi kokuba ashiye ikhaya lakhe ukuyoqala izifundo zakhe kuyunivesi enkulu. Lapho engasebenza njengobhishobhu wakhe.

Ngenkathi unyaka wesikole uqala, Ngakhuluma naye kwihhovisi likabhishobhu. Ngikhumbula kancane leyo nkulumo ngaphandle kokuthi wakhuluma ngezivivinyo zakhe kwindawo entsha, kepha angisoze ngakhohlwa inkulumo yesibili yethu.

Wacela ukungibona ehhovisini lami. Ngamangala ngenkathi ethi, "Singakhuleka sobabili, futhi ngingakhuleka mina?" Ngangizokhuluma ukuthi ngangisengikhulekile futhi ngangilindele ukuthi naye ukwenzile lokho. Esikhundleni salokho ngavuma.

Wacala umkhuleko wakhe ngokubeka ubufakazi ukuthi wayekwazi ukuthi ubhishobhu wayebizwe nguNkulunkulu. Wacela uNkulunkulu ukuba atshele mina, ukuba enzeni mayelana nesimo endabeni yomoya oyingcwele omkhulu. Indoda esencane yatshela uNkulunkulu ukuthi wayenesiqiniseko sokuthi wayesezazi izidingo zakhe futhi wayezakunikezwa ukululekwa lokho ayekudinga ukukuzwa.

Ngesikhathi ekhuluma, izingozi ezaziqondile ayezoqondana nazo zeza enqondweni yami. Ukululekwa kwakulula kepha kulethwe ngokusobala obukhulu: khuleka njalo, lalela imiyalelo, futhi ungabi novalo.

Leyo ndoda encane, eyayinonyaka iseBandleni, yafundisa ngesibonelo lokho uNkulunkulu  angakwenza kumholi njengoba esekelwa ngokholo kanye nemithandazo yalabo abizelwe bona ukuba abahole. Leyondoda esencane yabonisa kimina amandla omthetho okozinikezela ngokujwayelekile eBandleni (bona D&C 26:2). Noma-ke kunjalo iNkosi ibiza izinceku Zayo ngokwesambulo, zingasebenza kuphela emva kokuba zisekelwe yilabo ababiziweyo ukuba basebenzele iNkosi.

Ngevoti yethu enesisekelo, senza isithembiso esiqinile. Sithembisa ukukhulekela izinceku zeNkosi futhi ukuthi Yena azihole futhi aziqinise (bona D&C 93:51). Senza isithembiso sokuthi sizakufuna siphinde silindele ukuzwa ugqozi oluvela kuNkulunkulu ekululekweni kwabo futhi  nangesikhathi basebenza kubizo lwabo (bona D&C 1:38).

Leso sithembiso sidingeka ukuba sivuselelwe ezinhlizweni zethu njalo. Uthisha weSonto'skole angazama ukufundisa ngokoMoya ongcwele, kepha njengoba ungahle ukwenze, uthisha wakho angahle enze iphutha phambi kwekilasi. Wena, kepha-ke, ungakhetha ukulalela futhi ubheke izikhathi lapho ongezwa khona ugqozi luza. Isikhathi uma sihamba uzakubona amaphutha ambalwa futhi nobufakazi obuningi njalo ukuthi uNkulunkulu usekela loyo thisha.

Njengoba siphakamisa isandla sisekela umuntu, siyazibophezela ukusebenzela noma iyiphi injongo yeNkosi loyo muntu obiziwe ukuba ayifeze. Ngesikhathi izingane zethu zisencane, umkami wabizwa ukuba ayofundisa izingane ezincane ewodini yethu. Angizange kuphela ngiphakamise isandla sami ukuba ngimsekele, kepha ngakhulekela yena futhi ngacela imvumo yokuba ngimsize. Isifundo engasithola sokubonga lokho abesimame abakwenzayo futhi nothando leNkosi kubantwana futhi lisabusisa umndeni wami kanye nempilo yami.

Ngangiqeda ukukhuluma naleyo ndoda esencane eyasekela ubhishobhu wayo eminyakeni eyadlulayo. Ngathola ukuthi iNkosi kanye nabantu bamsekela kubizo lwakhe njengomfundisi wezenkolo, njengomongameli wesiteki, futhi njengobaba. Wathi ngenkathi inkulumo yethu iphela, "Ngisakukhulekela mihla yonke."

Singathola ukuba sikhulekele omunye umuntu obizwe nguNkulunkulu ukuba asebenzele abanye nsuku zonke. Singabonga kumuntu osibusisile ngomsebenzi wakhe wokusebenzela abanye. Singakhetha ukuba siziveze uma omunye umuntu esimsekelile ecela amavoluntiya.[1]

Labo abaphakamisela phezulu izinceku zeNkosi embusweni Wakhe bazakusekelwa ngamandla Akhe angaqhathaniseki. Sonke sidinga lesosibusiso.

**AMANOTHI**

1. Bona *Ukufundiswa ngabaProfethi beBandla: uJoseph F. Smith* (1998), 211–12.

---

## UKUFUNDISA NGALO MLAYEZO

Emva kokwabelana ngalomlayezo, cabanga ngokufunda lomugqa olandelayo: "iNkosi izakwenza ithulusi esandleni Sakhe uma uzithobile, unokholo, kanye nokuzimisela. . . . Uzakuthola amandla angeziwe uma usekelwa ebandleni futhi ubusiswe ngokubekwa izandla " (*Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu* [1999], 20). Yenza umndeni uqoqane ndawonye maduzane nento enesisindo bese ucela omunye wamalungu omndeni ayiphakamise. Ungeze oyedwa wabo ngesikhathi esinye, mema abanye amalungu omndeni ukuba asize ukuphakamisa lento esindayo. 2Xoxa ngokuthi kwenzekani uma wonke umuntu esiza. Cabanga ngokugcizelela ukululekwa kukaMongameli uEyring mayelana nezindlela ezibonakalayo esingasekela abanye ngobizo lwabo.

## INTSHA

# Ngiyambonga uThisha kaSonto'skole Wami

**Igama ligciniwe**

Ikilasi Lami likaSonto'skole alizithobile njalo. Ngiyathanda ukulalela isifundo njalo ngeviki, kepha ngesinye isikhathi kubukeka sengathi abanye ekilasini lami abathandi. Esikhathini esiningi bakhuluma bebodwa noma badlala imidlalo yezinto ezisebenza ngogesi ngesikhathi uthisha ezama ukusifundisa. Ngeshwa, ngesinye isikhathi ngizithola ngikuleyo ngxenye yenkinga.

Kwelinye lamaviki sasimoshile kakhulu ukwedlula okujwayelekile, futhi ekupheleni kwekilasi, uthisha wethu wayegcwele izinyembezi ngoba wayengekho umuntu owayelalele isifundo sakhe. Ngenkathi siphuma ekilasini, Ngazizwa ngibuhlungu ngaye.

Ngesonto elilandelayo uthisha wami wachaza ukuthi uyewakhuleka kakhulu kuleloviki, efuna ukuholwa, futhi kwafika kuyena ukuthi udinga ukuba asibonise umdlalo webhayisikobhu weBandla. Wayeseqala ibhayisikobhu, eyayimayelana nempilo kaJesu Krestu futhi nemilingo ayenza Yena.

Ngesikhathi ngicabanga ngalelofilimu kulobobusuku, ngezwa into ehlukileyo. Masishane ngathola ukuthi ngangizwa uMoya ongcwele, kakhulu ukwedlula ngaphambilini. Masishane ngakhetha ukuthi ngangifuna ushintsho empilweni yami ukuba ngifane kakhudlwana noMsindisi, futhi ngabona lemfundiso eSikoleni sika Sonto'skole,  lelosuku laqinisa ubufakazi bami kakhulu. Ngiyambonga uthisha kaSonto'skole wami futhi nakhokonke akwenzela ikilasi lethu njalo ngeviki.

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/11. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/11. Ukuhumusha ko *First Presidency Message, June 2012*. Zulu. 10366 783

# Ukufundisa Ngokuvakasha—Umsebenzi Ongcwele

Ukholo, Umndeni, Inkululeko

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngawo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

Njengabothisha bokuvakasha, sinomlayezo ongcwele obalulekile okumele ufezeke. "Ubhishobhu, ogcotshwe njengomelusi wewodi, angeke akwazi ukubheka zonke izimvu zeNkosi ngesikhathi esinye. Uthembele kubothisha abanogqozi ukuba bamsize."[1] Ukufuna futhi nokwamukela isambulo sokuba ubani okumele anikezwe ukuba abhekane nodade ngamunye kubalulekile kakhulu.

Ugqozi luqala njengoba amalungu wobumongameli beNhlangano Yabesimame Yenkululeko bekhuleka baxoxe ngezidingo zabantu kanye nezemindeni. Bese-ke, ngemvumo kabhishobhu, omongameli Benhlangano Yabesimame Yenkululeko banikeza umsebenzi ngendlela ezosiza odade bazwisise ukuthi ukufundisa ngokuvakasha kuwumsebenzi womoya ongcwele obalulekile.[2]

Othisha bokuvakasha bathola ngokweqiniso ukwazana futhi bathande odade ngamunye, basize yena ukuba aqine ngokholo, futhi basebenze ngokusiza uma kudingekile. Bafuna ugqozi bona ngokwabo ukuze bakwazi ukuphendula izidingo zomoya ongcwele kanye nezasemhlabeni zodade ngamunye abamuvakashelayo.[3]

"Ukufundisa ngokuvakasha kuba umsebenzi weNkosi uma sibhekene nqo nabantu ukwedlula amaphesenti. Ngokweqiniso, ukufundisa ngokuvakasha akusoze kwaphela. Kuyindlela ekakhulukazi eyiqiniso ukwedlula umsebenzi."[4]

### *Kuvela embhalweni Ongcwele*

uMatewu 22:36–40; uJohane 13:34–35; uAlma 37:6–7

### *Kuvela Emlandweni Wethu*

uEliza R. Snow, Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko kubomongameli jikelele besibili wafundisa, "Ngibeka ihhovisi lobuthisha ngaphezulu futhi liyihhovisi elingcwele." Waluleka othisha bokuvakasha "ukuba babe noMoya ongcwele kaNkulunkulu, onenhlakanipho, nokuzithoba, nothando" ngaphambi kokuba bavakashele amakhaya ukuze bakwazi ukuthola futhi bafeze izidingo zomoya ongcwele futhi nezasemhlabeni. Wathi, "Ungazizwa ufuna ukukhuluma amazwi woxolo futhi aduduzayo, futhi uma uthola udade ezwa ukubanda, umlethe enhlizweni yakho njengoba wenza kwingane esifubeni sakho bese umfudumeze."[5]

Njengoba siqhubekela phambili ngokholo njengodade bokuqala Benhlangano Yabesimame Yenkululeko benzile, uMoya oNgcwele uzakuba nathi futhi sibenogqozi lokusiza udade ngamunye esimuvakashelayo. "Make [thina] sifune ukuhlakanipha esikhundleni samandla," wakhuluma Udade uSnow, "futhi [thina] sinokuhlakanipha esingakusebenzisa."[6]

**AMANOTHI**

1. uJulie B. Beck, "Inhlangano Yabesimame Yenkululeko: Umsebenzi oNgcwele," *iLiahona,* Nov. 2009, 114.
2. Bona *Incwadi 2: Ukuphatha iBandla* (2010), 9.5;9.5.2.
3. Bona *Incwadi 2,* 9.5.1.
4. uJulie B. Beck, *iLiahona,* Nov. 2009, 114.
5. uEliza R. Snow, ku *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko* (2011), 108.
6. uEliza R. Snow, e *Amadodakazi Embusweni Wami,* 45–46.

### *Ngingenzenjani?*

**1.** Ngingenzenjani kangcono kwikhono lami ukuze ngifeze umsebenzi wami obalulekile njengothisha wokuvakasha?

**2.** Njengothisha wokuvakasha, ngingasiza kanjani abanye odade bafeze imisebenzi yabo njengodade bokuvakasha.?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/11. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/11.
Ukuhumusha ko *Visiting Teaching Message, June 2012.* Zulu. 10366 783